

INKULUMO YESABELO-MALI SIKA 2015/16



UNKS BELINDA FRANCIS SCOTT

UNGQONGQOSHE WEZEZIMALI

*Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNgqongqosheweZimali
uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.*

*Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNgqongqosheweZimali
uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.*

*Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNgqongqosheweZimali
uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.*

ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL

**Isabelo-mali sonyaka ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe
nguNgqongqoshe weZimali uNks B.F. Scott**

10 Mashi 2015

UKUBUYEKEZWA KWEZOMNOTHO NOMTHELELA ESIKHWAMENI SEZIMALI

Kuyintokozo ukuba ngethule lesi sabelo-mali sokuqala sesiFundazwe saKwaZulu-Natal ngemuva kokhetho olube yimpumelelo ngonyaka odlule. Malungu aHloniphekile, phezu kwentengo kawoyela eqhubekayo nokuba phansi, umnotho emhlabeni usalokhu uzikile kodwa okulindeleke ukuba wenyuke kancane ngamaphesenti angu 3.5 kulo nyaka bese uqhubeka ngamaphesenti angu 3.7 ngo 2016. Umnotho emazweni omhlaba uyaqhubeka nokukhula ngezinga eliphansi kanti amazwe amanangi, ikakhulukazi e-Europe, abonakala esenkingeni yokubhekana nomonakalo wenzikamnotho yango 2009.

Njengoba izwe libhekene nale nkinga ngokwalapha ekhaya nangokwamazwe omhlaba, kulindeleke ukuthi ukukhula okwenzeke ngonyaka odlule kube ngu 1.5%. Kulo nyaka, kulindele ukukhula okungu 2% okungaye kufinyelele ku 2.4% ngonyaka ka 2016. Ukuntuleka kwabatshali zimali abahwebelana naleli lizwe, imibhikisho ezimbonini nokuthatha isikhathi eside ukulungisa izinto zengqalasizinda, kuhlanganisa ugesi, kungezinye zezinto ezithikameza ukukhula komnotho eNingizimu Afrika. Kumele sikuqaphele ukuthi ukukhula kancane komnotho kusho, phakathi kokunye, ukuncipha kwemali eqoqwayo kanjalo nokuncipha kwamathuba emisebenzi.

Izinga eliphansi lokukhula emnothweni wezwe kuphinda kuqinisekiswe yi-Kagiso Purchasing Managers' Index (PMI), eyehlise ngo 50.2 amaphuzu ezinkomba ngoDisemba wonyaka odlule. Ukwehla okukhulu cishe kwadalwa ukucishwa kukagesi, i-load shedding, nokuphuma kwezinkampani ezinkulu. Izinkomba zebhange lombuso, iSouth African Reserve Bank (SARB) nazo zilandele indlela ebheke phansi ngonyaka odlule, okuqinisekisa ukwehla komnotho.

Nemali esetshenziswa ngabathengi ezintweni zasekhaya nako kwehlile ngo 2014. Nokho, kuthe ukuba ngcono kusuka ku 1.1% ngekota yesibili ka 2014 kwaya ku 1.3% ngekota yesithathi yonyaka ofanayo. Ngokusizwa nawukwehla kwentengo kawoyela, okusiza kakhulu emalini engenayo, izinga lokuthenga kulindeleke ukuba liqhubeke nokukhula phakathi kuka 2015 no 2017, ngalokho kukhule ngo 2% kulo nyaka, kube u 2.6% ngo 2016 no 3% ngo 2017.

Ukukhula emkhakheni wokutshala izimali okwensiwa uhulumeni kulindele ukuba kube ngu 0.6% ngo 2014, uma kuqhathaniswa no 7.6% wango 2013. Nokho-ke,

Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNgqongqoshe weZimali uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.

kulindeleke ukuba kwenyuke kule minyaka emithathu kusuka ku 2015/16 kufinyelele ku 3.8% ngo 2017.

Amandla emali athe ukuba ngcono kusukela ngo November 2014, okudalwa ikakhulukazi ukwehla kwentengo kawoyela emhlabeni. Kulinganiselwa ukuthi kube sezingeni lika 6.1% ngo 2014. Lokhu kube ngemuva kokukhula ngo 6.6% ngo Juni ka 2014. Manje kulindeleke ukuba kufinyelele ku 4.5% kulo nyaka. Amandla erandi ehlide afika ku 11% uma eqhathaniswa nedola lase Melika ngo 2014. Idola lase Melika liyaqhubeka nokuqina uma liqhathaniswa nezimakethe zamazwe asathuthuka nasethuthukile. Amandla emali angase aqhubeke nokuba buthaka ngenxa yesimo esintekenteke ezimakethe zomhlaba, ukwehla nokwenyuka kwentengo yempahla, izinga lezikweleti ezinkampanini zikahulumeni nezinselelo ekukhuleni komnotho wasekhaya.

Kulandela indlela okwenzeka ngayo emhlabeni nakuzwelone, umnotho wa KwaZulu-Natal kulindeleke ukuba ubo ngokhule ngo 1.9% ngonyaka odlule uma uqhathanisa nezinga likazwelone elingu 1.4%. Ngokulekelewa kakhu imboni yokukhiqiza, imboni yezimali, ukudayisa, ezokuthutha, ezokuvakasha neminye imikhakha, umnotho wesifundazwe kulindeleke ukuba ukhule ngo 2.3% kulo nyaka bese kuba u 2.7% ngonyaka ozayo. Lokhu kukhula, nokho, kungaphansi kuka 5% obubhekiwe ukuze kwakheke amathuba emisebenzi, ikakhulukazi kabantu abayintsha, ngengoba kubeka i 2030 National Development Plan (NDP) ne-Provincial Growth and Development Plan (PGDP). Lokhu, kuhombisa umqansa esisabhekene nawo mayelana nodaba lobubha, ukuntuleka kwemisebenzi nokungalingani kanye nezinye izinselelo ezithinta inhlalo-mnotho yabantu KwaZulu-Natal.

MAYELANA NEMIGOMO YESABELO-MALI NESIKHWAMA SEZIMALI ZOMPHAKATHI

Ngokukazwelone

UNgqongqoshe wezeziMali kuzwelone uMnuz Nhlanhla Nene, wamemezela enkulumweni yakhe yokubuyekeza izimali (Medium Term Budget Policy Statement) ukuthi: "*Ohulumeni yonke indawo babhekene nokukhetha kanzima ngenxa yokuthi igebe phakathi kwalokho okudingekayo nalokho okungatholakala likhulu kakhu. Ngalokho-ke kumele sihlae emgomweni wethu wokwenza okuningi kodwa sisebenzisa okuncane.*"

Waqhubeka wathi, nakuba umnotho bekulindeleke ukuba ukhule ngo 2.7%, lokhu kukhula obekulindelekile kubuye kwabuyekeza kwehliselwa ku 1.5%, njengoba kushiwo. Ngaphezu kwalokho, isikweleti sikahulumeni siyaqhubeka nokukhula njengephesenti le-GDP. Kwaba yilapho-ke amemezela ukuthi **ukuqiniswa kwesandla esikhwameni sezimali zomphakathi ngeke kusahlehliswa**. Lokhu kusho ukuthi izigaba zontathu zikahulumeni kumele kube nokwehliswa kwesabelo-

Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNqongqoshe weZimali uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.

mali ngo R10 billion onyakeni ka 2015/16 nango R15 billion ngo 2016/17 ukuze kwehliswe izinga lokusebenzisa imali ezweni.

Lesi sabelomali sesifundazwe ngisethula ngaphansi kwalesisimo namhlanje

Kungalezi zizathu-ke ngethula isabelo-mali esinjena namhlanje.

Ngokomkhakha wezomnotho emazingeni aphezulu (macro-economic), kunezinto ezimbili ezisemqoka eseziqhamukile kusukela kwethulwa i-MTBPS:

Ukwehla kwentengo kawoyela

- Bekungalindelekile ukwehla kwentengo kawoyela ngale ndlela.
- Asikabi nesiqiniseko ngomthelela lokhu okuzoba nawo emnothweni.
- Kungenzeka kube nomthelela emandleni emali nesikweleti esikhona.

U-ESKOM – inkinga enkulu kunokwakubhekiwe ngenkathi kwethula i-MTBPS

- Nakuba kwakhulunya ngezinhlelo zokulawula isimo ngenkathi kwethulwa i-MTBPS, izimemezelo zakamuva mayelana nesidingo sokulungisa ingqalasizinda kanye nesikhathi esizothathwa kwensiwa lorkho sasingaziwa.
- Asikabi nesiqiniseko ngomthelela ukucisha kukagesi okuqhubekayo okuzokuba nawo emnothweni.
- Phezu kokuba ukwehla kwentengo kawoyela kungaba nomthelela omuhle emandleni emali nasekukhuleni komnotho, izinkinga zika-ESKOM zingakuphazamisa lokhu.

Ngalokhu-ke kucacile ukuthi obekungaba yizindaba ezinhle zokwehla kwezindleko kuzophazamiswa yinkinga ka-ESKOM. Ngaleylo ndlela, ukukhula esikubhekile kule minyaka emithathu ezayo kulindeleke ukuba kube phansi.

Ngokwesifundazwe

IKwaZulu-Natal iqalile vele ukuzwela ngokunciphiswa kwesabelo-mali ngenkathi kusetshenziswa izibalo ze-Census ukubuyekeza indlela yokwabelwa kwezfundazwe. Ngaleso sikhathi, isifundazwe salahlekelwa imali ebalelwa ku R6 billion wonyaka ka 2013/14. Umthamo ongaka wawungalindelekile kwase kuthi uMgcinimafa kazwelonke wavuma ukuthi izifundazwe ezilahlekelwe uzozinika uxhaso lokulekelela ukwehlisa ingcindezi edalwa wukwehliswa kwemali. Lolu xhaso lubekelwe iminyaka emithathu kuphela, okusho ukuthi izophela ngonyaka ka 2016/17 bese kuba ukuqala kwenye inkinga esikhwameni sesifundazwe kulowo nyaka. Lokhu kwehliswa kwemali kube sekudluliselwa eminyangweni yonke engu 16 yesifundazwe ngokubheka ubungako bemali ebiyabelwa umnyango ngamunye.

Nakuba ngonyaka ka 2014/15 kube nokuncipha kwemali okuncane ngokwemali isifundazwe esabelana yona, kodwa kuphinde kwaba wunyaka lapho uNgqongqoshe

Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNgqongqoshe weZimali uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.

wezeziMali ememezele ukuthi ukuqinisa kwesandla sekufikile kuthina. Okusemqoka kulokhu ngukuthi uMgcinimafa kazwelonke ayikho imali ayifakile engxenjeni ka 2014 ukwenzela isivumelwano samaholo ngo 2014/15, lokhu okwenza kube nomehluko ka 1% okusho ukushayeka ngo R580 million esifundazweni. Lokhu kube sekusho ukuthi isifundazwe kumele sifake le mali sisebenzisa leyo evele ikhona. Njengoba uMgcinimafa kazwelonke engakuxhasi lokhu noma kanjani ukushayeka kwethu kuzoba nomthelela kwisabelo-mali sika 2015/16.

Ukwengeza phezu kokwehliswa kwemali ngenxa yezibalo ze-Census nokungaxhaswa ngemali yesivumelwano samaholo sika 2014, ukuqinisa kwesandla okumenyezelwe nguNgqongqoshe uNene kuzoholela kokunye futhi ukwehliswa kwemali KwaZulu-Natal ngonyaka ka 2015/16. U-table 1 ngenzansi ukhombisa ukuthi ukwabikwa kwemali yesifundazwe kwehliswe ngo R1.406 billion ngonyaka ka 2015/16 nango 2016/17 ngenxa yokuncishisa kwasikhwama, kodwa noMgcinimafa kazwelonke bese elula isikhathi sokuxhasa ngomunye unyaka, okusho u R321.958 million owabelwe unyaka ka 2016/17. Ngalokho kwelulwa kwasikhathi soxhaso ngomunye unyaka kuzokwehlisa ingcindezi esikhwameni ngo R1.084 billion.

Table 1: 2015/16 MTEF Equitable Share reductions - fiscal consolidation and data updates

	2015/16	2016/17	2017/18
Equitable share reduction (ES formula updates and cuts imposed by National Treasury)	(561 725)	(843 789)	-
Buffer funding received for further year from NT	-	321 958	-
Equitable share reduction (data updates of ES formula)	(159 360)	(87 769)	(271 402)
Total reduction	(721 085)	(609 600)	(271 402)

Ngaphandle kwalokhu, ukwabiwa kwemali esifundazweni kwehliswe ngo R518.532 ngonyaka ka 2015/16 ngenxa yokubuyekeza kwemininingwane okwenziwa minyaka yonke mayela nokwabiwa kwemali ngokulingana nezidingo. Ukubuyekeza kwensiwe kuthathelwa kwi-Mid-year Population Estimates, kube i 2014 School Realities Survey (SNAP Survey), kube i 2012 GDP-R, i-District Health Information Services ebheka iziguli nsuku zonke ngo 2012/13 ne-Risk Equalisation Fund kanye ne-Income and Expenditure Survey ka 2010. Njengenjwayelo, lezi zinguquko zenzeka ngezigaba iminyaka emithathu.

UKUDLULISELWA KWEMISEBENZI KUHULUMENI KAZWELONKE

Imisebenzi ehlukene isiyasuswa esifundazweni iyiswa kuzwelonke, kanti njengoba nemali ilandela umsebenzi, izimali ezihambisana naleyo misebenzi ziyasuswa esikhwameni sesifundazwe ziye eminyangweni kazwelonke ethintekayo. Imisebenzi esuswayo ihlanganisa i-port health, okuwumkhakha weNational Health Laboratory Services, i-Adult Education and Training (AET) namakolishi e-Further Education and Training (FET) kanti lemisebenzi iyahamba kusuka mhlaka 1 Ephreli 2015. Izimali ziyasuka esabelweni sesifundazwe (odabeni Iwe-NHLS nesibonelelo

Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNgqongqoshe weZimali uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.

esinemibandela eyabelwe sona) ziya eminyangweni wezeMpilo nowezeMfundu ePhakeme nokuQeqesha, okuzokwenziwa kanje:

National Health Laboratory Services – ezikhungweni ezahlukene nokuqeqesha

Imisebenzi kazwelonke ye-NHLS ihlanganisa iNational Intitute of Communicable Diseases (NICD), iNational Institute of Occupational Health (NIOH), iNational Cancer Registry (NCR) nokufundisa, ukuqeqesha nemisebenzi yokucwaninga ye-NHLS. Le misebenzi njengamanje ikhokhelwa ngokuhlanganisa izimali zoxhaso ezivela kwi-NHLS naseMnyangweni wezeMpilo kuzwelonke. Ngenxa yezinselelo ezahlukene ngale ndlela yokwenza, kwavunyelwana ngokuthi izimali zale misebenzi kumele zisuswe esifundazweni ziye kuzwelonke. Kwaphinda kwavunyelwana ngokuthi kwehlukaniswe lokhu kwehliswa kube u 60:40 phakathi kwemali eyabiwa ngokwezidiso esifundazweni nesikhwama se-Comprehensive HIV and AIDS. Ngalokho-ke, imali engu R72.008 million, u R75.426 million no R79.066 million izosuswa esabelweni soMnyango wezeMpilo esifundazweni ifakwe ngaphansi koMnyango wezeMpilo kuzwelonke. Ngaphezu kwalokho, imali engu R63.887 million no R66.970 million iyasuswa esikhwameni se-Comprehensive HIV and AIDS izofakwa ngaphansi komnyango wezeMpilo kuzwelonke.

Ama-port health services

Umthetho weNational Health Amendment Act ususe imisebenzi ye-port health services ku-Section 25 (imisebenzi ejwayelekile yeminyango yezempilo ezifundazweni) yayisa ku section 21. Izifundazwe zathintwa mayelana nemali okumele isuswe, okusho ukuthi imali engu R20.379 million, u R21.459 million no R22.597 million ngonyaka ka 2015/16 iyasuswa esifundazweni iya eMnyangweni wezeMpilo kuzwelonke.

Ama-AET namakolishi ama-FET

NgoMay 2009, imisebenzi yama-FET nama-AET yabekwa ngaphansi kukaNgqongqoshe wezeMfundu ePhakeme nokuQeqesha. UMnyango wezeMfundu ePhakeme nezfundazwe benza isivumelwano mayelana nemali okumele isuswe esifundazweni ngokwezidiso zaso ku-Programme 5 (FET) no 6 (AET) kodwa kwangavunyelwana ngemali efanele ukuphuma mayelana no-Programme 1 (Administration) no 9 (Auxiliary and Associated Services). Ukuze kupothulwe udaba lokudluliselwa ngokugcwele kwemisebenzi ye-FET ne-AET isuka esifundazweni iya kuzwelonke, uMgcinimafa kazwelonke ubeke indlela exubile lapho indlela yokwaba ngokwezidiso esifundazweni kusetshenziswa ukususa imali ku-Programme 1 no 9, bese kuthi imali okuyiyona eyabelwe umsebenzi isuswe ku-Programme 5 no 6. Kulokhu, imali engu R280.136 million, u R295.547 million no R310.123 million iyasuswa ngonyaka ka 2015/16.

INDLELA ETHATHWA YI-KZN UKUQINISA ISANDLA EZIMALINI

Ukuqinisa isandla ezimalini nokubuyekezwa kwemininingwane yokuba kwabiwe izimali ngokulingana ngokwezidiso, kubaluleke kakhulu kulesi sifundazwe. Uma ubheka sase sivele siqalile ukuqinisa isandla kuyo yonke iminyango ngo 2009/10 ngenkathi isifundazwe sizama ukuvuka kwinzikamnotho, noma futhi ubheka izibalo ze-Census ezenze kwancipha imali ngo 2013/14, kwabonakala ukuthi iminyango yesifundazwe ngeke ikwazi ukumelana nokunye futhi ukunciphisa izimali okukhulu. Ngakho-ke kuze kwadingeka sicabange ngenye indlela. Ngaphandle kwalokhu, kwabonakala ukuthi, phezu kokuba uMgcinimafa kazwelonke engayifikanga imali ngokwesivumelwano samaholo sika 2014, iminyango owezeMpilo nowezeMfundu kumele okungenani imali yokuvala isikhala esidalwe isivumelwano samaholo. Isikhwama sesifundazwe ngaleyo ndlela sihlinzeka ngo 40% wemali edingekayo kule minyango emibili, okuzothi enye bayibheke ngaphakathi emisebenzini yabo. Njengoba uMgcinimafa kazwelonke engakukhokhelanga lokhu, u 40% nawo kudingeke ukuba utholakale kwisabelo-mali sesifundazwe.

Kuke kwaba nezinquo ezzinzima ezidinge ukwenziwa, kodwa lokhu kungumphumela olindelekile uma siqinisa isandla ekwabiweni kwezimali. Lokhu okulandelayo kuhlonzwe njengezinto lapho isifundazwe singathola khona imali edingekayo ukuze kuvaleke lezi zikhala:

- Kukhona i-Strategic Cabinet Initiatives fund sika R100 million ngonyaka esizomisa ngalesi sikhathi sokuqinisa isikhwama;
- Uhlelo Iwamahhovisi kahulumeni obelubekelwe imali engu R600 million luzomisa ngalesi sikhathi sokuqinisa kwesikhwama;
- Isifundazwe besilokhu siqhubeka nemali ye-Contingency Reserve, lapha kubekwa ngaphezulu kuka R1 billion ngonyaka. Lolu hlelo Iwe-Contingency Reserve manje lubekwe ku R750 ngonyaka onyakeni ka 2015/16, lokhu kuzolekelela ngemali lapho kushoda khona ngenxa yokwehla kwesabelo-mali;
- Imali engu R240 million izodluliselwa isuka ku 2014/15 Net Financial Position ifakwe lapho kushoda khona ngenxa yokwehla kwemali ngo 2015/16.

Lolu hlelo lokulekelela ngezimali lusko ukuthi awukho umnyango onqanyulelwwe imali owabelwa yona ngokwezidiso kanti nokusetshenziswa kwemali ngokuletha izidiso esifundazweni saKwaZulu-Natal kuvikelekile.

Sesikushilo lokho, akuchazi ukuthi isifundazwe ngeke sibe nemicimbi ebalulekile njengoba siya phambili. Lokhu kusho ukuthi lapho imicimbi ibikhokhelwa yi-Strategic Cabinet Initiatives fund futhi kusabonakala ukuthi ibaluleke kakhulu, kuthiwa iminyango ethintekayo kumele ikhokhele leyo micimbi ngokulandela uhlelo Iwangaphakathi lokubeka njalo phambili okubalulekile nangokusebenza ngokubambisana kutholakale noxhaso ezinkampanini ezizimele.

Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNgqongqoshe weZimali uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.

UKUBUYEKEZA KONKE OKUDLULISELWA EZINKAMPANINI ZIKAHULUMENI

Isikhathi sokuqinisa kwasikhwama kwenza uhulumeni azame izindlela ezingasiza ekongeni, ukuze kuvikeleke izinto ezibalulekile ezidinga kakhulu ukuba kusetshenziswe imali kuzona esifundazweni. Ngakho-ke sengiyalele ithimba lehhovisi likaMgcinimafa wesifundazwe ukuba licwaninge kahle konke ukudlulisa kwezimali okwenziwa iminyango yesifundazwe ezinkampanini zikahulumeni ezahlukene. Usomqulu wokuqala mayelana nalokhu usulungisiwe kanti uzobekwa phambi kweKhabhinethi maduze nje. Lo somqulu uncoma ukuba kwehliswe izimali ezikhokhelwa izinkampani zikahulumeni. Lokhu kuncishisa kwezimali kuzoqaliswa ngesikhathi sama-Adjustments Estimate ka 2015/16. Nakuba sesikushilo lokho, ngithanda ukuba yisibonelo kulokhu njengoba ngizonciphisa izimali eziya kwi-KZN Gambling and Betting Board, ebika kuMgcinimafa wesifundazwe, ngo R8.132 million, u R8.564 million no R8.992 kule minyaka emithathu. Ukuqinisa kwasikhwama kusho ukuthi akukwazi ukuba njengenjwayelo, ngakho-ke kumele sithathe izinqumo ezinzima uma sibhekene nokwehla kwezimali ezabiwa ngokwezidingo.

UHLELO LWESIKHWAMA SESIFUNDAZWE NGO-2015/16

Uhlelo Iwesikhwama sesifundazwe lubheka izinguuko emalini eyabiwa ngokwezidingo, izibonelelo ezinemibandel, nokwabiwa kwemali isifundazwe esiziqoqela yona, kanye nezinto ezibekwa phambili ukuba zikhokhelwe kusetshenziswa imithombo yemali yesifundazwe.

Njengoba kushiwo, imali eyabiwa ngokulingana ngokwezidingo nemali yezibonelo ezinemibandela yikhona okuthinteka kakhulu ngokuncishisa kwezimali. Isifundazwe sesilwenzile uhlelo lokubuyekeza izimali eziqoqwa isifundazwe, okubonakala kube nokukhula ngonyaka ka 2015/16 no 2016/17 kwase kwehla ngo 2017/18. U-table 2 ngenzansi ukhombisa ukuma kohlelo Iwesikhwama kule minyaka emithathu esuka ku 2015/16.

Isabelo-mali saKwaZulu-Natal esivela kuMgcinimafa kazwelonke singu R99.135 billion ngonyaka ka 2015/16, R104.270 billion ngo 2016/17 no R110.148 billion ngo 2017/18. Uma sesengeza imali esiziqoqela yona njengesifundazwe kanye nemali esiyithola emithonjeni yethu, imali ebuyekeziwe kule minyaka emithathu ingu-R102.711 billion, R107.632 billion no R113.523 billion.

Umugqa wesibili ukhombisa ukuthi iminyango yesifundazwe ihlela ukusebenzisa imali engu R101.961 billion, R106.882 billion no R112.773 billion kule minyaka emithathu ezayo. Umugqa wesithathu ukhombisa ukuthi isifundazwe sihlelele isabelo-mali se-Contingency Reserve sika R750 million ngonyaka kule minyaka emithathu, njengoba ngike ngaveza phambilini. Imithombo yemali yesifundazwe

ekhonjiswayo itholakele ukuba yabiwe kule minyaka emithathu ezayo ngenxa yokuphathwa kahle kwemali kule minyaka yezimali edlule.

Table 2 : Provincial fiscal framework

R thousand	2015/16	2016/17	2017/18
1. Receipts			
Baseline Allocation			
Transfer receipts from national	103 665 526	106 474 835	110 859 962
Equitable share	100 671 247	103 286 051	107 511 739
Conditional grants	83 347 554	87 887 479	92 113 167
Provincial own receipts	17 323 693	15 398 572	15 398 572
Increase / (Decrease) in allocation	2 994 279	3 188 784	3 348 223
Transfer receipts from national	(1 535 759)	984 043	2 629 921
Equitable share	(1 536 626)	983 471	2 635 771
Conditional grants	(1 093 608)	(1 002 033)	(683 189)
Provincial own receipts	867	572	(5 850)
Revised allocation			
Transfer receipts from national	102 711 237	107 632 456	113 523 383
Equitable share (after update of formula data & fiscal consolidation cuts)	99 134 621	104 269 522	110 147 510
Conditional grants	82 253 946	86 888 446	91 429 978
Provincial own receipts	16 880 675	17 384 076	18 717 532
Provincial cash resources	2 995 146	3 189 356	3 342 373
2. Planned spending by departments	581 470	173 578	33 500
	101 961 237	106 882 456	112 773 383
3. Contingency Reserve	750 000	750 000	750 000

Uhlelo Iwe-Contingency Reserve luzohlale luhkona ngezizathu eziningi. Okokuqala, umphumela wezingxoxo zamaholo zika 2015 awukaziwa. Uma uMgcinimafa kazwelonke ephinda engayifaki imali kulokhu, isifundazwe kuzomele sizifakele sithathe esikhwameni saso. Okwesibili, izingxoxo mayelana nesamba semali isifundazwe esiyikweleta i-NHLS zisaqhube. Lesi yisikweleti esingafaka ingcindezi enku esikhwameni sesifundazwe. Ngakho-ke kungubuhlakani ukugcina uhlelo Iwe-Contingency Reserve oluzosiza uma kwenzeka lokhu esikhulumha ngakho kugcina kudinga imali.

IMALI EYENGEZIWE EPHUMA ESIKHWAMENI SESIFUNDAZWE

Kule minyaka edlule, uMgcinimafa kazwelonke ubelokhu efaka imali entsha ukubhekela izinto ezintsha ezibekwe eqhulwini. Nokho, ngenxa yalesi sikhathi sokunciphisa izindleko izwe elikusona, akukho ukwengeza okwenziwa emalini eyabiwa ngokulingana ngokwezidiso ezifundazweni kule minyaka emithathu kusuka ngo 2015/16.

IKhabinethi kazwelonke ithathe isinqumo sokweselekela iNingizimu Afrika ukusingatha imidlalo yama-Commonwealth ngo 2022, lapho iTheku libekwe njengedolobha elizophatha imidlalo. Isifundazwe nedolobha laseThekwini sebenxusiwe ukuba babelane ngezindleko zokuhlela ingqalasizinda ezingu R35 million, ngokulingana okuzokuba ngu 50:50 wezindleko. Ngakho-ke isifundazwe kulindeleke ukuba sifake imali engu R17.500 million. Ngenxa yalesi sikhathi sokunciphisa izindleko, isikhwama sesifundazwe asikwazi ukukhokha le mali ngezimali ezengeziwe ezikhona, kodwa kuzokhokhwa ngokuthi kuhlelwae kabusha izinto ngokubaluleka kwazo eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo kanye noMnyango wezemiDlalo nokuNgcebeleka.

Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNgqongqoshe weZimali uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.

Ngenxa yokuphathwa ngokucophelela kwemali esifundazweni, enye imali eyengeziwe ifakwa eminyangweni, iningi lale mali etholakale ngenkathi kwensiwa ukubuyekezwa kwesabelo-mali (Adjustments Budgets) kule minyaka edlule, kanti inikwa iminyango ukuba iyisebenzise kule minyaka emithathu kusuka ngo 2015/16.

Iminyango ehlomula kule mali eyengeziwe yilena:

- **IHhovisi likaNdunankulu** lithola ukwenyuselwa imali ngo R29 million kulonyakamali ka 2014/15kuphela. Lezi zimali azizintsha emnyangweni, kodwa zahoxiswa kwisabelomali seHhovisi likaNdunankulu sika 2014/15 njengoba sezibuyiselwa ngo 2015/16 ngenxa yalokhu okulandelayo:
 - Imali engu-R15 million yokwakhwa ipayipi eLuwamba Wellness Centre ayikwazanga ukusetshenzisa ngo 2014/15 ngenxa yezinselelo ezatholakala ezinhlakeni ezahlukene, abalimi namawadi athinteka ekuqokweni kwamalungu omphakathi ozosebenza kulolu hlelo. Uhlelo manje selubuyile kanti sekulindeleke ukuba lupothulwe ngoJune 2015. Ngakho-ke lezi zimali zahoxiswa ngo 2014/15 kodwa zabuyiswa emnyangweni ngo 2015/16.
 - Imali engu R14 million yabekelwa ngqo izinsiza kuma-war room kodwa yangasetshenzisa ngo 2014/15 ngenxa yokubuyekezwa okwensiwe uphiko Iwe-Information Technology lubheka izidingo zobuchwepheshe. Ngakho-ke imali ibe isihoxiswa ngo 2014/15 kanti isibuyiselwe emuva emnyangweni ngo 2015/16 ngenhoso efanayo.
- **Ngokufanayo, isiShayamthetho sesiFundazwe** sanxusa ukuba imali engu R9.500 million ihoxiswe kwisabelo saso sango 2014/15. Lena bekuyimali eyongekile ngo-2014/15 ehambisana nemihlomulo yokuphuma emsebenzini kwamaLungu ngemuva kokhetho luka 2014. Le mali eyongekile yamiswa kuze kube u 2015/16 kanti isihlelelw ukuqinisa izinhlelo zokulandelela nengqalasizinda yobuchwepheshe, njengoba kuyisicelo esethulwa iSishayamthetho ngenkathi kuqhubeka uhlelo lokuxhumana mayelana nesabelo-mali sika 2015/16.
- **UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zasemaKhaya** uthola imali engu R10.200 million ngo 2015/16 kuphela. Lokhu kumayelana nemali yezinhlekelele eyatholakala makhathaleni ngo 2014/15 esikhwameni sikazwelonke. Njengoba le mali yatholakala sekuphela unyaka, umnyango wacela ukuba imali ifakwe emthamweni wango 2015/16. Le mali ibhekeli izinhlekelele zemililo yequbula eyahlasela isifunda saseHarry Gwala ngoJuni noJulayi 2014 kanti iqondene nokuthenga ukudla kwemfuyo ngenkathi kusahluma amadlelo.

- **UMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo** uthola u R13.794 million, R14.120 million no R15.324 million kule minyaka emithathu kusuka ngo 2015/16, okuyimali edluliselwa kwi-KZN Liquor Authority (KZNLA). I-KZNLA iwuhlaka oluselusha nokwenze lacela imali eyengeziwe ukuze lubhekane nezindleko zokusebenza. Lezi zindleko kulindeleke ukuba zikhokhelwe ngemali etholakala ngamalaisensi otshwala kule minyaka emithathu kusuka ngo 2015/16.
- **UMnyango wezeMfundu nowezeMpilo** uthola cishe u 40% wemali edingekayo ukubhekana nezindleko ngokwesivumelwano samaholo sango 2014, njengoba ngike ngasho phambilini. Eshodayo lapha kumele itholakale ngaphakathi emnyangweni, neminye iminyango kumele izitholele ngaphakathi imali yokuvala isikhala. Imali eyabelwe le minyango emibili itholakala ngokunciphisa imali yohlelo Iwe-Contingency Reserve isuka ku R1 billion ngonyaka iya ku R750 million ngonyaka. Lokhu kusho ukuthi ihleleke kanje:
 - **Ezemfundu** zithola u R144.484 million, R173.477 million no R250.749 million kule minyaka emithathu.
 - **Ezempilo** zithola u R79.755 million, R95.748 million no R138.470 million kule minyaka emithathu.
- **UMnyango wezeMpilo** uzophinda uthole u R60 million wokuthenga iSt Aiden's Hospital ne-Nurses' Home yakhona. Le mali itholakale ngenkathi kwensiwa ama-Adjustments Budget ngo 2014/15, kodwa izofakwa ngonyaka ka 2015/16 njengoba lesi samba sizokhokhwa uma sekudluliswa ngokomthetho yonke into iya egameni lesifundazwe saKwaZulu-Natal. Lokhu kungene kulo nyaka ka 2015/16 njengoba impahla bekumele iqale ngokuhlolwa futhi kuhlukaniswe phakathi kwesibhedlela nendawo yesonto. Kudingeka ukuba kwensiwe ngokugcwele i-Planning and Development Application, okuyinto edingeka ezinyangeni ezingu 9. Ngalokho-ke le mali izosetshenziswa ngonyaka ka 2015/16, nakuba inani lika R60 million lanqunywa kwavunyelwana ngalo ekuqaleni kuka Febhruwari 2014.
- **UmGcinimafa wesiFundazwe** uzothola imali engu R8 million ngo 2015/16 kuphela ukuze kuphothulwe ukulungisa iphansi lesibhedlela iNkosi Albert Luthuli. Imali engu R18 million yayabelwe iminyaka emithathu kusuka ngo 2014/15, kodwa lo msebenzi udinga omunye u R8 million ngonyaka ka 2015/16 njengoba ukulungisa phansi kubiza kakhulu kunalokho okwakulindelwe. Le mali yatholakala ngenkathi kwensiwa ama-Adjustments Budget ka 2014/15, kodwa imali izofakwa ngo 2015/16.
- **UMnyango wezokuThutha** uzothola u R10 million ngo 2015/16 obhekeli umsebenzi wokuthuthwa kwezingane zesikole. Le mali imisiwe ngesabelo sika 2014/15 njengoba umnyango ungakwazanga ukusebenzisa le mali kulowo nyaka *Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNgqongqoshe weZimali uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.*

ngenxa yokuthi izinkontileka obekudingeka zensiwe ukuze umnyango usebenzise le mali ngo 2014/15 azenziwanga ngenxa yokulibala ekuqokeni izinkampani ezizokwenza umsebenzi. Ngokunjalo, njengoba umnyango ungakwazanga ukusebenzisa yonke imali, isamba sika R10 million sibekelwe unyaka ka 2015/16, uma zonke izinkontileka sezenziwe.

- **UMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi** uzothola imali ehlukaniswe kibili esuka onyakeni ka 2013/14. Nakuba ingxene yokudluliselwa kwale mali ihambisana nokwenziwa kohlelo Iwe-Richmond Community Development nomthetho we-Government Immovable Asset Management Act (GIAMA) okwanikwa umnyango ukuba uqhubeke nazo ngo 2014/15, umnyango ucele ukuba ingxene yale mali idluliselwe ku 2015/16 njengoba kuyilapho bezokwazi ukusebenzisa le mali. Kulokhu, u R9.934 million wabelwe i-GIAMA ngo 2015/16 bese kuthi u R482 000 wabelwe ukuqhuba uhlelo Iwe-Richmond Community Development.
- **UMnyango wezobuCiko namaSiko** awuyitholi imali entsha, kodwa wanxusa ukuba u R42.500 million wabelwe bona ukuze bakhe i-Arts and Culture Academy ngenkathi kulungiselwa isabelo-mali sale minyaka emithathu befuna ukwabelwa kube kanye ngo 2015/16, kodwa bacela ukunikwa esinye isikhathi esihambisana nohlelo Iwabo lokwakha. Ngalokho-ke, imali eyabelwe u 2015/16 ibe isincishiswa yahlelwa kabusha kanje: R5.500 million ngo 2015/16, R3.500 million ngo 2016/17 no R33.500 million ngo 2017/18.
- **UMnyango wezemidlalo nokuNgcebeleka** uzothola u R30 million wokwakha isikhungo sokuthuthukisa ezemidlalo eThekwini. Le mali yayabelwe ngo 2014/15 ukuthuthukisa lesi sikhungo sokuthuthukisa ezemidlalo. Le mali yamiswa ngo 2014/15 kuya ku 2015/16 ngenxa yezinselelo ezatholakala eThekwini Metro mayelana nendawo ezokuba nesikhungo. IThoku seliyitholile indawo engcono, ngakho-ke imali isizosebenza ngonyaka ka 2015/16.

UKUSUSWA KWEMISEBENZI IYA KWEMINYE IMINYANGO

Imisebenzi eminingi iyasuswa kweminye iminyango iya kweminye kule minyaka emithathu ezayo:

- Kwenziwa isimemezelo i-Proclamation 83 safakwa kusomqulu ngomhlaka 12 Disemba 2014 nesaholela ekutheni uVote 10: Ihovisi elibhekele iNdunkulu lihlakazwe lingabi njengomnyango ozimele. Umnyango manje usungene kuVote 1: IHovisi likaNdunankulu, nesabelo-mali esisaqhubea nokuba ngesizimele ngaphansi kwezinhlelo zikaVote 1. Kulokhu, isabelo-mali sonke saseNdunkulu, kuhambisana nezikweleti ezenzeke ngeminyaka edlule konke kuwela ngaphansi

kukaVote 1 kanti imali yakhona engu R56.536 million, R59.549 million no R62.526 million izodluliselwa kuVote 1 kule minyaka emithathu.

- Isabelo semifundaze yangaphandle esikhishwa uhulumeni wesifundazwe ibiseHhovisi likaNdunankulu ngenkathi kwethulwa isabelo-mali sika 2014/15 ngonyaka odlule. Ngemuva kokuxoxisana okuningi neminyango yesifundazwe, kucacile ukuthi indlela yokuqoqela konke endaweni eyodwa akusizi kahle ngoba imali ayaneli ukuthatha abafundi abaningi kangangoba kwakulindelekile. Ibhajethi yemifundaze yangaphandle manje isizobhekkelwa yiminyango yesifundazwe lapho imali yayithathwe khona. Imali engu R13.736 million, u R14.390 million no R15.109 million iyasuka eHhovisi likaNdunankulu iya eminyangweni ehlukene.
- Ngokohlelo lokubheka ukusebenza kwezimali esifundazweni (*Explanatory Memorandum to the 2014/15 MTEF Estimates of Provincial Revenue and Expenditure*), ukugudluzwa kwemisebenzi okwamenyezelwa nguNdunankulu enkulumweni yakhe yokugcotshwa ngokomthetho sekwenziwe ngokuthi kuhanjiswe ibhajethi yakhona eminyangweni ethintekayo. Ukuthutha kwemisebenzi yokongiwa kwezemvelo isuka kuVote 3: ezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya uya kuVote 4: ezokuThuthukiswa koMnotho, ukuVakasha nezeMvelo akubanga yinto elula, ngalokho-ke kwathathwa isinqumo sokuthi kuthathwe leyo mali ekwazi ukuhlonzeka phakathi kweminyango emibili ngonyaka ka 2014/15. Iminyango emibili yabe isinikwa umsebenzi wokuthi ithole konke okusele okuhambisana nalo msebenzi (isib. Uphiko Iwezemvelo lunabasebenzi ababhekele ezabasebenzi emahhovisi ezifunda ezoLimo), kanti lezozabelomali kwakudingeka ukuba zikhishwe zaziwe ngaphambi kokuba zisebenze. **Osekusele kulolu hlelo** lokugudluzwa kwemisebenzi sekuzokwenziwa kule minyaka emithathu, kanti ibalelwu ku R11.356 million, R12.017 million no R12.719 million imali okumele isuke kuVote 3 iye kuVote 4.
- Uhlelo Iwe-Pietermaritzburg Bike City luyasuka kuVote 4 luya kuVote 16: Ezemidlalo nokuNgcebeleka kanti imali engu R9.391 million, R9.715 million no R10.323 million uza kulo mnyango. Lo msebenzi ugudluzelwa kwezemidlalo nokuNgcebeleka njengoba kungumcimbi wezemidlalo.
- Kwavunyelwana ngokuthi **iKZN Music House** kumele ingene ngaphansi koMnyango wezamaCiko namaSiko, uphume ngaphansi kowezokuThuthukiswa koMnotho, ukuVakasha nezeMvelo. Kwabakhona izingxoxo phakathi kwale minyango noMgcinimafa wesiFundazwe ukuthola mayelana nesabelomali okumele sisuswe phakathi kweminyango emibili. Kwatholakala ukuthi u R12 million, R12.600 million no R13.230 million kumele usuke kuVote 4 uye kuVote 15: ezamaCiko namaSiko kule minyaka emithathu.

- **UMnyango wezamaCiko namaSiko noMnyango wezemidlalo nokuNgcebeleka** yomibili ingena ngaphansi kukaNgqongqoshe oyedwa kusukela ngo 2009. Ngaleso sikhathi kwenzeka lokhu enye imali yehhovisi likaNgqongqoshe yasala kwezemidlalo nokuNgcebeleka. Ukuze kube lula ukwenza umsebenzi osunzima ngenxa yokuhukanisa sikangqongqoshe, iminyango emibili ivumelene ngokuthi ihhovisi likaNgqongqoshe lisebenze ngokugcwele ngaphansi kukaVote 15. Ngaleylo ndlela, u R2.108 million, R2.213 million no R2.324 million uzosuswa uze kulo mnyango kule minyaka emithathu.
- Ukusingathwa kohlelo Iwe-**Expanded Public Works Programme (EPWP)** esifundazweni bekusemnyangweni wezokuThutha nenyne ingxenye kowezeMisebenzi yoMphakathi. Kusukela ngo-2015/16 uMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi yiwona osuzosingatha lo msebenzi kanti imali engu R1.061 million, R1.114 million no R1.169 million sekumele isuke kuVote 12: owezokuThutha iye kuVote 14: owezeMisebenzi yoMphakathi kule minyaka emithathu.
- **UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya** ungahlosile wanikezela ngasosonke isabelo sawo sezokuxhumana eHhovisi likaNdunankulu ngenkathi eminye imisebenzi yezokuxhumana emnyangweni iqoqelwa ndawonye ngenkathi kuhlelelwa isabelo-mali seminyaka emithathu kusuka ngo 2014/15. UKulungisa leli phutha, u R6.729 million, R7.065 million no R7.418 million uyasuka eHhovisi likaNdunankulu ubuyela emnyangweni kule minyaka emithathu.

IZIBONELELO EZINEMIBANDELA

Ngeshwa, ukwabiwa kwezibonelelo ezinemibandela esifundazweni nako kuyathinteka emkhankasweni wokonga imali. Zonke izibonelelo ezinemibandela esifundazweni ziyancipha ngendlela efanayo ngokubheka izidingo, ngaphandle kwezibonelelo ezintathu ezixhumene nemisebenzi ebalulekile (essential service) noma izibonelelo ezincane ezilekelela ukukhokhela izindleko zokuqhuba umsebenzi. Kulokhu, izibonelelo zemisebenzi ye-Comprehensive HIV and AIDS, i-National School Nutrition Programme (NSNP) ne-Occupational Specific Dispensation (OSD) for Education Therapists zivikelekile ekunqanyulweni kwemali.

Ezingeni eliphakeme, uma isibonelelo esinemibandela siqhathanisa nesonyakamali odlule u 2014/15. Ukwehla kwemali isiyonke esifundazweni kulonyakamali ingu R443.018 million ngo 2015/16 bese kuthi ukwenyuka kube ngu R1.985 billion ngo 2016/17 no R3.319 billion ngo 2017/18. Kumele kuqapheleke kodwa ukuthi umthamo omkhulu wokwehliswa kwemali ubonakala emsebenzini wamakolishi ama-FET osusiwe wangena ngaphansi koMnyango wezeMfundu ePhakeme

Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNgqongqoshe weZimali uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.

nokuQeqesha, okusho ukuthi izimali zamakolishi ama-FET ziyasuka esifundazweni ziya kuzwelonke. Okube nomthelela ekukhuleni ngo 2016/17 no 2017/18 ngukuthi uMgcinimafa kazwelonke usefake imali yezibonelelo ezimbili zengqalasizinda kwezemfundo nakwezempi, njengoba kuchazwa kabanzi ngenzansi. Izinguquko ezilandelayo zenziwa ekwabiweni kwezibonelelo ezinemibandela:

- **Ingqalasizinda yezemfundo** ithole ukwenyuselwa imali ngo 2015/16 yaya ku R84.802 million. Le mali ihlela ngokuba wumklomelo kwabahlela ingqalasizinda ngendlela efanele. Lokhu kusho ukuthi izifundazwe kumele zincintisane ngale mali, okumele zilethe imininingwane yokuhlela kuMgcinimafa kazwelonke ngezikhathi ezahlukene ukuze zithole imiklomelo yemali ngokwenza kahle. Le mininingwane yahanjisa yisifundazwe umphumela wako kwaba ukwenyuka kwemali ngo 2015/16. Ngenxa yokukhathazeka okuvela ezifundazweni ngobunzima bokuhlela ngaphambi kwesikhathi ngaphandle kokwazi izabelo zeminyaka ezayo, uMgcinimafa kazwelonke wavuma ukuthi uzokhipha izinkomba ezizonika umqondo ngezabelo zeminyaka emibili elandelayo, lapho kukhona u R1.858 billion no R1.951 billion owabelwe. Kule mali, isamba sika R23.983 million ubekelwe ukulungiswa kwezikole ezalinyazwa yizikhukhula.
- Ngokufanayo nakwingqalasizinda yezeMfundu, imali yokuvuselela izikhungo zezempi (Health Facility Revitalisation) nayo ihamba njengomklomelo kwabenze kahle. Ngenxa yesidingo sokuba kuhanjiswe imininingwane yokuhlela kuMgcinimafa kazwelonke ngezikhathi ezahlukene, isifundazwe sithole u R139.344 million emalini eyengezwayo ngo 2015/16. UMgcinimafa kazwelonke ukwazile ukuphinda afake imali engu R1.047 billion no R1.100 billion eminyakeni emibili elandelayo. Kule mali, u R198 000 ubekelwe ukuba ulungise imitholampilo eyalimala ngezinhlakelele ezenzeka ngo 2014/15.
- Imali yesibonelelo se**National School Nutrition Programme** ivikelekile ekuncishisweni ngakho-ke le mali izohlale ingaguuki ngonyaka ka 2015/16 no 2017/18, okukhombisa ukukhula kancane kule minyaka emibili ezayo. Umsebenzi wale mali uzokwelulwa ngokwengeza uhlelo lokubulala izikelemu nokushintsha inqubo egxile ekuphekeleni abafundi ukudla kodwa kugxilwe kakhulu ekuqiniseni umsoco wokudla. Ukusabalaliswa kohlelo lokubulala izikelemu luzokwenziwa ngokubambisana noMnyango wezeMpilo.
- **Imali ye-Technical Secondary Schools Recapitalisation Grant ne-Dinaledi Schools Grant** kuzohlanganiswa kube yisikhwama esisha esibizwa nge**Maths, Science and Technology Grant**. Lezi zinhlelo ezinokuxhumana zingaqhutshwa kangcono zifinyelele ezikoleni eziningi ngokuhlanganisa izikhwama zesibonelelo. Le mali esihlanganisiwe izoncipha ngo R7.969 million, R9.118 million no R7.688 million kule minyaka emithathu.

- Imali ye-**FET Colleges Grant** iyaphela ekupheleni kuka 2014/15, lapho umsebenzi we-FET usudluliselwa eMnyangweni wezeMfundu ePhakeme kusuka ngo 2015/16. Lokhu kusho ukuthi le mali iyasuswa esikhwameni sezibonelelo sesifundazwe okuhlanganisa u R376.483 million, R397.242 million no R397.242 million ozosuka esifundazweni uye kuzwelonke njengoba inqubo ithi ‘imali ilandela umsebenzi wayo’.
- Iningi lezimali zesibonelelo ngaphansi koMnyango wezeMpilo ziyathinteka kulolu hlelo lokuncishisa kwezimali, ngaphandle kwe-Health Facility Revitalisation Grant ne-Comprehensive HIV and AIDS Grant. **I-Comprehensive HIV and AIDS Grant** ivikelekile ekuncishisweni kanti ikhombisa ukukhula ngo R483.965 million ngo 2017/18. Le mali izosiza ukuthi i-CD4 ikhuphuke isuke ku 350 iye ku 500. Njengoba kuchaziwe ekuqaleni, le mali yehliswe ngo R60.991 million, R63.887 million no R66.970 million kule minyaka emithathu ngenxa yezinto ezithile ze-HHLS esisusiwe esikhwameni sesifundazwe.
- Imali ye-**Human Settlements Development Grant** ithole ukwehliswa ngo R78.508 million no R132.341 million ngo 2015/16 no 2016/17, phakathi kokunye ngenxa yokuqinisa kwesandla ekusetshenzisweni kwezimali, kanye nokuthi izimali zihlelwe kabusha kuzo zonke izifundazwe ukuba ziye kwi-Housing Development Agency esithathe umsebenzi wokuhlela nokwenza imisebenzi ebiyensiwa yizifundazwe phambilini. Lokhu kuhamba kwesabelomali nakho kusagcizelela kona ukuthi imali ilandela umsebenzi wayo. Le mali ihlanganisa nesamba sika R158.821 esibekelwe u 2015/16 ukuze kulungiswe izindlu ezalimala ngezinhlakelele.
- **Zombili izibonelelo i-Public Transport Operations Grant ne-Provincial Roads Maintenance Grant** ziyathinteka ngokuncishisa kwezimali. Ngaphandle kwalokhu, kwi-Provincial Roads Maintenance Grant kuboshwe imali engu R30.241 million ngo 2015/16 ebekelwe ukulungisa imigwaqo elimale ngezinhlakelele. Le mali izokwehla futhi njengoba kukhona u R149 million kule minyaka emithathu ozokwehliswa kuzo zonke izifundazwe. Lesi sibonelelo sizokwabelwa i-South African National Road Agency Limited (SANRAL) ukuze ifakwe emgwaqeni u R573 Moloto Road okulindeleke ukuba udluliselwe kwa-SANRAL usuka eLimpopo, Gauteng naseMpumalanga.
- Izibonelelo ngaphansi koMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya zithintekile nazo kulokhu kuncishisa kwezimali. Ngaphezu kwalokho, isibonelelo se-**Comprehensive Agriculture Support Programme (CASP)** sithole ukwenyuselwa ngo R21.144 million, R23.141 million no R38.620 million kule minyaka emithathu, lokhu okuhambisana nemali eyengeziwe yokulungisa inqalasizinda emonakalweni wezinhlakelele kwezolimo.

- Isifundazwe sizothola u R90.143 million no R21.502 million ngo 2015/16 okungeye-**EPWP Integrated Grant for Provinces** ne-**Social Sector EPWP Incentive Grant for Provinces**, ngokulandelana. Lezi zimali zinikezwa iminyango ehlukene ngokulandela uhlelo Iwe-Division of Revenue Bill, 2015.

UKUNCIPHISA IZINDLEKO

Akukho ukungabaza ukuthi, ngokukhula kancane komnotho okulindelekile, izinselelo ezibhekene no-ESKOM nesikhathi sokunciphisa izimali, kusazokuba madolonzima. Kubalulekile ukuba sihlale amehlo siwavulile nokuthi sihlale siphatha izimali ngokucophelela. Ngalokho-ke kudingke ukuba sibheke kabusha izindlela esizisebenzisayo zokunciphisa izindleko nokwengeza kulokho ebesivele sikuqalile. Silokhu siqhubeka nokubuyekeza minyaka yonke izindlela zokunciphisa izindleko, sibheke ukuthi izinqumo esizithathayo ziyenzeka yini. Lokhu kubuyekeza kwaminyaka yonke kuholele ekutheni kwandiswe uhla Iwezinto ezingena kulolu hlelo lokunciphisa izindleko, okunye kwadingeka kuchazwe kabusha ukuze kuzwakale kahle. Izindlela ezibuyekeziwe zokunciphisa izindleko ezizosebenza kusuka ngo 2015/16 yilezi ezibalwe ngenzansi kanti sezivele zethuliwe eminyangweni nezinkampani zikahulumeni ukuze bazidlulisele kuwo wonke amahhovisi eminyango esifundazweni:

1. Yonke iminyango kumele ibuyekeze kahle uhlaka Iwezikhundla zomsebenzi (organogram) ukuze kuqedwe izikhala zemisebenzi engabalulekile.
2. Uhlaka Iwezikhundla olusha oludinga kwengenze izikhundla ezintsha kungadingeka lungasetshenziswa kuze kube kudlula isikhathi sokunciphisa izindleko ezweni.
3. Ukumiswa kokugcwaliswa kwezikhala zemisebenzi ethathwa njengengabalulekile. Inhloko yomnyango ne-CFO kumele banqume ukuthi yiziphi izikhala ezibalulekile ezidinga ukugcwalisa.
4. Iminyango kumele ibale abantu abakhona ukuze kunqandeke abasebenzi abayizipoki.
5. Kumiswe ukuthenga izinto ezithathwa njengezingabalulekile ngo 2014/15.
6. Isibalo semicimbi eyenziwa yiminyango ngonyaka kumele ingadluli ku 24 njengoba kwanquma iKhabhinethi (kwanquma iKhabhinethi ukuthi umcimbi onamalungu omphakathi angu 3 500, lowo mcimbi akumele udle ngaphezulu kuka R1 million izindleko. Imicimbi enabantu abangu 1 500 kuya ku 2 000 akumele idle ngaphazulu kuka R500 000 kuya ku R700 000 umcimbi ngamunye).
7. Umgomo wenani lezindleko zomcimbi kumele ugcinwe njengoba kuchaziwe ohlelweni lokunciphisa izindleko.

8. Abekho abaculi noma amaciko okumele basetshenziswe kule micimbi, njengoba laba beza nezindleko ezinkulu.
9. Awekho ama-tracksuit, izikibha noma izimpahla zokuzikhanga sa ezizonikezelwa emicimbini.
10. Ukudla kwezicukuthwane kumele kugcine kukuncane ngokungenzeka futhi kube ngokwabantu abamenyiwe hhayi abasebenzi bakahulumeni (ngaphandle kweziNhloko zeminyango)
11. Ukuthengwa kwefenisha nempahla yokusebenza kumele kugunyazwe umphathi womnyango ne-CFO. Konke okuthengwayo kumele kube sezingeni elijwayelekile ngokuhambisana nesikhundla saloyo msebenzi othengelwayo.
12. Ukubheka izindlela zokonga amandla ngenhoso yokwehlisa ukusetshenziswa kukagesi namanzi.
13. Ukuhlela ngesikhathi esifanele ukuqinisekisa ukuthi abahlinzeka ngemisebenzi babiza imali eyamukelekile ezimakethe.
14. Umqulu wemininingwane yezinkampani ezhilinzeka ngemisebenzi kumasipala ngamunye nemali efanayo ngomsebenzi/impahla ukuze kugwemeke ukubiza izimali eziphezulu.
15. Iminyango kumele inikezele ngohla Iwemicimbi ezoyenza ngo 2015/16 ukuze kuylanganwe kwabelwane ngezindleko.
16. Iminyango kumele inikezelane ngemininingwane yezindawo zomphakathi zokwenzela imicimbi ukuze kugwemeke ukusetshenziswa kwezindawo ezizimele ezikhokhelwayo.
17. Izindleko zamatende nokudla emicimbini kumele kwehliswe ngokuba kuqashwe noma kuthengwe ngesikhathi esifanele (kuphele ukusayina izinkontileka nenkampani eyodwa – esikhundleni salokho bheka abahleli bemicimbi abaningi)
18. Ukuhamba ngokomsebenzi (S&T) – kumele kuthathwe uhambo olubalulekile kuphela. Ukubuyekeza konke okuyimihlomulo kuwo wonke amazinga e-S&T.
19. Umgomo webanga elihanjwa yimoto kumele ugcinwe futhi abasebenzi kumele basebenzise imoto eyodwa uma iqashiwe lapho beya emhlanganweni ngaphandle kweKZN (kumele kuylanganiswe iminyango uma iya emihlanganweni efanayo).
20. Izindleko ze-cellphone, ucingo Iwasendlini nama-data bundle kumele kubuyekezwe bese kwensiwa izindlela zokulawula ukusetshenziswa kwalezi zinto. Kumele kwensiwe imigomo eqinile elawula ama-cellphone.
21. Izimenenja kumele ziqinisekise ukuthi uhambo luthathwa ngendlela ehlelekile ukuze kwehle izindleko.
22. Imihlangano nezigcawu zokufundisana kumele kwensiwe lapho iningi labasebenzi lihlala noma lisebenza ngakhona (50% + 1).

23. Iminyango kumele yenze ikhalenda elididiyele lonyaka wonke ukuze imihlangano nezigcawu zokufundisana zihlelwe kahle ukuze kwehliswe izindleko.
24. Ukuqinisekisa ukuthi imihlangano iqala ngesikhathi esikahle ukuze kugwemeke ukulala ngaphandle. Kuncishiswe ukulala ngaphandle okungenasidingo.
25. Kumele kubhekwe umehluko phakathi kokuhamba emgwaqeni nokuhamba ngeghanoyi (isib. kumuntu osuka eNewcastle kushibhile ukuya eGoli ngemoto kunokuqala eThekwini athathe ibhanoyi eliya eGoli).
26. Ukuqasha amahhovisi: izakhiwo zikahulumeni kumele isetshenziswe ngokusemandleni ukugwema izindleko.
27. Imicimbi kumele ihlelwe kahle ukuze kugwemeke izindleko. Kumele kube nethimba elibhekene nokuhlela yonke imicimbi emnyangweni ukuqinisekisa ukuthi okwensiwayo kufanele.
28. Imicimbi – kumele kubuyekezwe uhla olukhona Iwezinto ezidingekayo emcimbini ukuze kwehle izindleko.
29. Isibalo sabasebenzi abahambela umcimbi kumele sihlale sisincane ngokusemandleni.
30. Iminyango kumele isebeenzise izinkampani eziqondene ngqo nokuhlinzeka ngezimpahla eziyinqwaba njengezinto zokubhala, amanabukeni, ukudla kwezingane, imithi nokunye.
31. Ukuqequesha okudingekayo kumele kwenziwe ngaphakathi (ngaphandle uma kuvuma iNhloko yoMnyango ukuba kuyiwe ngaphandle).
32. Ukuhambela emazweni angaphandle kumele kuqikelelwe nesibalo sezithunywa sibe sincane ngokusemandleni.
33. Ongqongqoshe neziNhloko zeminyango kuphela okumele bahambe nge-business class (namalungu ePhalamende uma kwenzeka).
34. Izimoto eziqashwayo – uhlobo kumele kube olusezingeni eliphansi.
35. Ukuhlinzeka ngokudla emihlanganweni kumele kuphele (ngaphandle uma kuvuma iNhloko yoMnyango kodwa akukho ukudla okumele kuthengelwe imihlangano yangaphakathi).
36. Kumele kube nokulawulwa kwamakhilomitha uma kuhanjwa (amakhilomitha angu-2500 ngenyanga ngaphandle uma kunezimo ezithile – ngaphandle uma kuvuma iNhloko yoMnyango).
37. Abasebenzi kumele bahambe ndawonye ngaphandle uma ngempela kungeke kwenzeke kanjalo.
38. Iminyango nezinkampani zikahulumeni kumele zihlele imihlangano ngokucophelela zibheke isibalo semihlangano eyenziwayo (kuyabonakala ukuthi abasebenzi basezifundeni kuyenzeka babizwe emihlanganweni

enhloko-hhovisi ehlelwa yizimpiko ezahlukene ngezinsuku ezahlukene, okudinga ukuba behle benyuka njalo. Le mihlango kumele ihlelwe kahle phakathi kwezimpiko ezahlukene ukuze kugwemeke ukuchitheka kwesikhathi nemali).

39. Kumele kuthathwe uhambo olubalulekile kuphela.
40. Imihlangano yangaphakathi, imihlangano yokwakha amasu neyokucobelelana ngolwazi kumele yenziwe emahhovisi omnyango esikhundleni sezindawo ezizimele (ngaphandle uma kugunyaza uMgcinimafa wesifundazwe). Lapho kugunyaza khona uMgcinimafa kumele kulethwe ubufakazi bokuthi sezibhekiwe zonke izindawo ngaphambi kokuba kuthathwe indawo ezimele.
41. Imihlangano yangaphandle, imihlangano yokucobelelana ngolwazi nemicimbi kumele kwenziwe endaweni kahulumeni esikhundleni sendawo ezimele (ngaphandle uma kugunyaza uMgcinimafa wesifundazwe). Ukusetshenziswa kwamatende kungenziwa kuphela uma umcimbi ungeke wenzeke ehholo likamasipala, esikoleni, e-FET njalo njalo. Lapho kudingeka igunya likaMgcinimafa, kumele kube nobufakazi bokuthi sezibhekiwe zonke izindawo ngaphambi kokuba kuthathwe indawo ezimele.
42. Ayikho imicimbi yokuvala unyaka noma yokuvuselela ugqozi nokuzwana kwabasebenzi (team building) ezokwenziwa, ngaphandle uma kuzokhokha bona abasebenzi.
43. Lapho kunemihlangano ethatha usuku olulodwa esifundazweni, abasebenzi kumele bahambe babuye ngosuku olufanayo (uma kungenzeka).
44. Uma kushicilelwa ama-APP, ama-SP, ama-Annual Report nokunye, iminyango nezinkampani zikahulumeni kumele bakugweme ukusebenzisa amaphepha enemibala, futhi basebenzise amaphepha alula. Kumele kubhekwe ukuthi ngeke yini kusize ukusebenzisa ubuchwepheshe (isib. ama-compact disc) ukuze kwehle izindleko. Amaphepha agqize ngegolide nesiliva kuhle angabe esasetshenziswa.
45. Azikho izinto zokuzikhangisa (izikibha, amakepisi nezikhwama) okuzothengwa (ngaphandle uma kugunyaza uMgcinimafa).
46. Ngeke amalivu aguqulwe abe yimali (kumele ilivu ithathwe) – lokhu akuhlangene nokukhokhelwa kwelivu uma umsebenzi eshiya emsebenzini.
47. Ukulawula ukusetshenzwa kwamahora engeziwe (overtime)
48. Awekho amanzi asemabhodleleni azothengwa emihlanganweni nakwezinye izindawo.

Lezi zindlela zokunciphisa izindleko, kanye nalezo ezikhishwe uMgcnimafa kazwelone, zizosetshenziswa kuyo yonke iminyango nezinkampani zikahulumeni kule minyaka emithathu kusuka ngo 2015/16.

INGQALASIZINDA

Ngokwe-International Monetary Fund (IMF), “Uma ukutshalwa kwemali kwingqalasizinda kungahambi kahle, ukuchithwa kwezimali eziningi kudala izikweleti ezinkulu, uma linganyuswa izinga lengqalasizinda okufaka okunyusa isibalo kanye nezinga lemigwaqo, izikole nezinye izakhiwo zomphakathi ezingasiza ekukhuliseni umnotho.” Ukuze kube nokulethwa kwengqalasizinda efanele, isifundazwe sizoqala uhlelo Iwe-Infrastructure Delivery Management System (IDMS) **kuyo yonke iminyango** esebeanza ngengqalasizinda. I-IDMS iwuhlelo lukahulumeni olwakhelwe ukuqinisekisa ukuthi uma kufakwa ingqalasizinda kuba nokuhlela kahle umsebenzi, isabelomali sakhona, ukuqasha izinkampani, ukugcina ingqalasizinda isesimweni nokulandelela ukuthi konke kuhamba ngendlela. Lokhu kuzosiza iminyango ukwenza ngcono umsebenzi wokuletha ingqalasizinda. Njengamanje, i-IDMS isetshenziswa yiminyango owezeMpilo, owezeMfundu, owezeMisebenzi yoMphakathi nokaMgcinimafa esifundazweni.

Ezinye izinhlelo zengqalasizinda ezihlelelw u 2015/16 MTEF:

Isifundazwe sihlele ukusebenzisa u R12.060 billion ngo 2015/16, R11.804 billion ngo 2016/17 no R12.196 billion ngo 2017/18 emisebenzini ehlukene yengqalasizinda. Lokhu kulingana no R36.060 billion kule minyaka emithathu. Lokhu kuhlanganisa izimali ezifakwa kwingqalasizinda ezabiwa ngokulingana ngokwezidingo neziyizibonelelo ezinemibandela zengqalasizindi. Okungabaliwe lapha yizimali ezabelwa ingqalasizinda ebhekelwe uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu lapho into eyakhiwayo njengezindlu ekugcineni kungabi ekahulumeni ngakho-ke lezo zimali azifakiwe kulolu hlelo Iwezimali zengqalasizinda. Uma zifakwa, **imali yengqalasizinda isiyonke inyuka ifinyelele ku R14.926 billion ngo 2015/16, R14.876 billion ngo 2016/17 no R15.528 billion ngo 2017/18, okwenza kube u R45.330 billion kule minyaka emithathu.** Lokhu kusho ukutshalwa kwezimali okukhulu emnothweni kanti kuzosiza kakhulu ekulethweni kwentuthuko.

Imisebenzi emikhulu yengqalasizinda kule minyaka emithathu ihlanganisa:

Ezokuthutha

UMnyango wezokuThutha uzosebenzisa u R20.594 billion kule minyaka emithathu ezinhleweni ezalhukene zengqalasizinda.

Ngo 2015/16, umnyango uzohubeka nemisebenzi yokwakha nokugcina ingqalasizinda isesimweni ngaphansi kwemikhankaso ka-Operation kuShunquthuli ne-African Renaissance Road Upgrading Programme (ARRUP), egxile ekuthuthukiseni ingqalasizinda yomgwaqo ezindaweni zasemakhaya, kuhlanganisa:

- U-Main Road P234 (okufakwa itiyela elingu 40 km), KwaNongoma

- U-Main Road P104 (okufakwa itiyela elingu 22 km), eNdwedwe
- U-Main Road P1-1(M13) lapho kuvuselewa itiyela elingamakhilomitha amane phakathi kwe-Hillcrest ne-Pinetown
- U-Main Road P230 lapho kufakwa itiyela elingu 6 km phakathi kweShowe neMpangeni.

Ezempilo

UMnyango wezeMpilo wabelwe imali yengqalasizinda engu R4.294 billion kule minyaka emithathu.

UMnyango uzosebenzisa lesi sabelo emisebenzini ehlukene njengalena:

- I-Pixley ka Seme Hospital: R460 million – kwakhiwa isibhedlela esisha esinemibhede engu 500.
- I-Ngwelezane Hospital: R80 million – kwakhiwa iwadi elinemibheke engu 192.
- I-Stanger Hospital: R65 million – igumbi elisha lokubelethela.
- I-St. Aiden's Hospital: R60 million – ukuthengwa kwesibhedlela.
- I-Newcastle Hospital: R43.500 million – umsebenzi omkhulu wokulungisa konke osekugugile.
- I-Prince Mshiyeni Hospital: R40 million – kuvuselewa uhlelo Iwesicishamlilo.

Ezemfundo

UMnyango wezeMfundu uhlela ukusebenzisa u R6.909 billion kule minyaka emithathu.

Lokhu okulandelayo kungeminye yemisebenzi ezokwenziwa kule minyaka emithathu:

- Ndumo Secondary School: kwakhiwa amagumbi okufundela nezindlu zangasese – uMkhanyakude District Municipality.
- Mgezeni High School: amagumbi angu 13, igumbi elilodwa lemithombo yezindaba, igumbi elilodwa lekhompyutha, igumbi elilodwa lothisha, indawo yabenza imisebenzi yasehhovisi, indawo yokugcina amathuluzi asengadini, indlu yasesangweni, ikhishi, izindlu zangasese zamantombazane, abafana, othisha, abanokukhubazeka kanye nezindawo zokupaka izimoto – uThungulu District Municipality.
- Welabasha High School: ukuvuselela kabusha – uThungulu District Municipality.
- La Mercy Primary: amagumbi okufundela angu 20 nokuhlinzeka ngemibhede engu 360 ehostela.
- Pholela Special School: isakhiwo esisha – Harry Gwala District Municipality.

Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNgqongqoshe weZimali uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.

- Ukukhanya Komsings LSEN: indawo yokudlela, ihostela labafana abangu 122, phakathi kokunye okuzolungiswa – uMzinyathi District Municipality.

Ezokuhlaliswa kwaBantu

UMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu uzosebenzisa imali engu R9.595 billion kule minyaka emithathu ezinhlelwani ezahlukene zengqalasizinda. Umnyango ugxile emisebenzini emikhulu ezokuba nomthelela kwinhlalakahle yomphakathi othintekayo. Le misebenzi exhumene nemizila yezokuthutha, izikole, imitholampilo nezinye izinto zomphakathi. Eminye kule misebenzi ihlanganisa uhlelo Iwe-Informal Settlement Upgrade Programme, i-Rural Housing Programme, i-Emergency Housing Programme, i-Integrated Residential Housing Programme, kanye ne-Rectification Programme ne-Enhanced Extended Discount Benefit Scheme (EEDBS). Ngo 2015/16, umnyango uzoqhube ka nalezi zinhlelo okulindeleke ukuba ngazo kwakheke izindlu ezingu 23 233 kube nabangu 14 225 abazogunyazwa ukuhlala kuzona. Imisebenzi umnyango ophezu kwayo ihlanganisa:

- **Ukuthuthukiswa kwezindawo eziyimijondolo** okuhlanganisa izihlelo njengaseCornubia. I-Cornubia iwuhlelo olungaphansi kwe-Integrated Residential Development Programme esikwazile ukukhipha iziza ezingu 1 142 nezindlu ezingu 630 ku-Phase 1B okungezalabo abahola kancane, bese kuba ezinye iziza ezingu 1 040 nezindlu ezingu 1 030 ezizokwakhiwa kuwona u-Phase 1B. Umnyango usukwazile ukuthola umhlaba okahle e-Driefontein KwaDukuza ngaphansi kweLembe District Municipality, okulindele ukuba wakhe izindlu ezingu 17 000, nase-Blauwbosch eNewcastle ngaphansi kwaMajuba District Municipality okulindeleke ukuba wakhe izindlu ezingu 25 000.
- **Ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya:** (njengeVulindlela Housing Project eMsunduzi Municipality): Lo msebenzi uyaqhube kaahle njengoba sekunezindlu ezingu 2 889 eseziphothuliwe. Ezinye ezingu 2 485 kulindeleke ukuba ziphothulwe ngonyaka ka 2015/16.
- **Ukulungiswa kwezindlu ezakhiwa ngaphambi kuka 1994.** Umnyango uhlela ukulungisa izindlu ezingu 42 797 ngaphansi kwalolu hlelo, okumanje luyaqhube ka e-Austerville nase-Shallcross.

UKUHLELEKA NGOKWEZABELO ZEMINYANGO IMINYAKA EMITHATHU

Lokhu okulandelayo kuveza isabelo-mali esitholwa umnyango ngamunye kule minyaka emithathu, bese kuvezwa kabanzi ukuthi yini ezothengwa ngale mali. Iminyango ibekwe ngokomthamo wesabelo ositholayo.

U-table 3 weneka isabelomali ngokweminyaka ilandelana kusuka ku2011/12 kuya ku-2017/18.

Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNgqongqoshe weZimali uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.

Table 3 : Summary of payments and estimates by vote

R thousand	Audited Outcome			Main Appropriation	Adjusted Appropriation	Revised Estimate	Medium-term Estimates		
	2011/12	2012/13	2013/14	2014/15	2015/16	2016/17	2017/18		
1. Office of the Premier	524 129	697 795	721 074	751 370	745 112	745 112	743 214	746 934	784 281
2. Provincial Legislature	380 588	431 718	460 929	491 186	483 590	483 590	465 494	480 352	504 370
3. Agriculture and Rural Development	1 782 966	2 109 591	2 005 528	2 133 126	2 169 946	2 169 946	2 203 074	2 290 677	2 409 455
4. Economic Development, Tourism and Enviro Affairs	2 226 580	2 421 869	3 311 354	2 883 969	3 013 455	3 013 455	2 973 459	3 080 528	3 219 734
5. Education	32 809 703	34 556 731	37 156 042	38 918 092	39 066 103	39 092 741	42 142 355	44 210 091	46 488 066
6. Provincial Treasury	411 205	557 733	623 448	878 315	708 472	667 134	712 151	707 768	708 506
7. Health	24 791 118	27 390 533	29 531 410	30 914 196	31 119 465	30 919 465	32 981 786	34 741 665	36 873 548
8. Human Settlements	3 042 495	3 377 771	3 617 002	3 600 282	3 622 443	3 622 443	3 584 685	3 776 080	4 011 284
9. Community Safety and Liaison	145 239	135 892	171 922	181 295	179 692	179 692	187 069	198 470	200 285
10. The Royal Household (moved to OTP)	-	-	-	-	-	-	-	-	-
11. Co-operative Governance and Traditional Affairs	1 106 349	1 314 550	1 242 496	1 348 076	1 486 694	1 486 694	1 368 043	1 436 920	1 508 766
12. Transport	6 639 855	7 650 308	8 055 187	9 060 595	9 050 885	9 050 885	9 341 457	9 735 659	10 274 611
13. Social Development	1 934 257	1 985 386	2 329 906	2 497 952	2 489 760	2 489 760	2 630 481	2 767 560	2 905 938
14. Public Works	1 182 268	1 133 311	1 270 253	1 369 361	1 391 763	1 392 088	1 389 666	1 449 782	1 526 583
15. Arts and Culture	369 752	479 744	698 686	705 112	730 120	730 120	783 914	819 399	894 444
16. Sport and Recreation	307 836	367 751	414 968	456 379	455 571	455 571	454 389	440 571	463 512
Total	77 654 340	84 610 682	91 610 205	96 189 306	96 713 071	96 498 696	101 961 237	106 882 456	112 773 383

Ezemfundo

Umthamo omkhulu wesabelo-mali sesifundazwe uya eMnyangweni wezeMfundu othola u-41.3% (okusho ukwenyuka kusuka ku 40.8% ngo 2014/15). Isabelo semali kule minyaka emithathu singu R42.142 billion, R44.210 billion no R46.488 billion kusuka ngo 2015/16 kuya ku 2017/18. Imali eyabelwe ezemfundo ibhekelele imisebenzi elandelayo, phakathi kokunye:

Ingxene enkulu yesabelo somnyango iya kubasebenzi. Lokhu kubonakala ngesabelo seminyaka emithathu kusuka ngo 2015/16 lapho ukuholelwa kwabasebenzi kuthatha umthamo omkhulu wesabelomali somnyango esingu 82.8%. Umnyango uzosebenzisa lezi zimali ukuhlinzeka ngothisha nokukhokhela izikweleti ezidaleka ngezivumelwane zamaholo ezahlukene. Umnyango ubuyekezile ukusebenza kwezimali ezibhekelle ingqalasizinda ukuze wehlise ingcindezi ezimalini zokukhokhela abasebenzi.

Umnyango uhlose ukuhlinzeka ngezinsiza zokufunda nokufundisa ezikoleni, ngosuku lokuqala lwasikole. Kulokhu, imali elinganisela ku R1.435 billion seyabiwe ukuba yenze umsebenzi. Bonke abafundi ezikoleni eziku-Quintile 1, 2 no 3 bazoqhube ka nokuhlinzekwa ngokudla ngohlelo Iwe-National School Nutrition Programme. Imali eyisibonelelo eyabelwe lokhu iyakhula ngonyaka ka 2015/16 iya ku R1.287 billion. Imali eyabelwe ama-Norms and Standards ngo 2015/16 ingu R2.124 billion.

Umnyango uzoqhube ka nokuhlinzeka ngosizo lwengqalasizinda yezikole zabankukhubazeka ukuze nezingane ezinezidingo ezikhethekile zikwazi ukuthola imfundo. Umnyango uphinda wenyuse isibalo samagumbi enkulisa nawokufundela u-Grade R ukuze izikole ezenza lo msebenzi zibe nendawo ekahle.

Ezempilo

Umthamo wesibili omkhulu wesabelo mali sesifundazwe uya emnyangweni wezeMpilo othole u 32.4% (okwenyukile kumaphesenti angu 31.9 ku 2014/15).

Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNgqongqoshe weZimali uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.

Isabelo mali seminyaka emithathu singu R32.982 billion, R34.742 billion no R36.874 billion ngonyaka. Isabelo mali esibekelwe eZempilo sizobhekela le misebeni elandelayo, kokunye:

Isamba esikhulu sesabelo mali somnyango sibekelwe ukunikezela ngezinsiza zezempiro (Primary Health Care) kubantu ababalelwa kumaphesenti angu 87 abangenawo umshwälense KwaZulu Natal. Umsebenzi omkhulu owenziwa uhlelo Iwe-PHC luułanganisa ukusetshenziswa kwezidingo zeHIV/AIDS, ukusabalalisa komahamba nendlwana kanye nokunakekela kwezimpilo ezibhedlela ezingeni lezifunda.

Umnyango uphinde uhlínzeke ngokunakekelwa emikhakheni ehlukene yokunikezela ngosizo kulezo ziguli ezidinga usizo oluphuthumayo, ezibhedlela nakwezosizo oluphumayo, kanjalo nokuthuthwa kweziguli ezidinga usizo oluphuthumayo.

Kulonyakamali 2015/16 umnyango uzoqhubeka nokuhlinzeka ngalolusizo kanye nokuqinisekisa ukuthi izinga liyathuthuka, kuleminyaka emithathu umnyango uhlose ukwenza kancono kulezizinto ezilandelayo:

Vikela uphinde unciphise izifo ikakhulukazi kwabakhulelwe, ezempilo kubantwana kanye nakwabesifazane, kwezokudla okunomsoco, isifo sofuba, isandulela ngculazikanye nengculazi, kanye neznye izimo zezifo ezikhona, ngalendlela elandelayo:

- Ukunciphisa izinga le-HIV isuka kumzali liye kumntwana ngamaphesenti angaphansi kuka 0.5% ngoMashi 2018.
- Ukwakha izindawo zokuhlinza ezingu 11 ngoMashi 2018 ukwenza ngcono izimo zempilo ngemva kokubeletha.
- Ukunciphisa ukungondleki kwezingane ezingaphansi kweminyaka emihlanu ngo 4.9 kwabangu 1 000 ngoMashi 2018.
- Ukunciphisa ukubhebhetheka kwesifo sofuba ngo 500 kubantu abangu 100 000 ngoMashi 2018.
- Ukukhulisa isibalo sabantu abadla imishanguzo sifike ku 1 450 000 (sighubeke nokwanda) ngo Mashi 2018.
- Ukunciphisa isifo se-BP sibe ngu 15.2 kwabangu 1000 ngoMashi 2018.
- Ukunciphisa ukubhebhetheka kwesifo sikashukela ngo 1.2 kubantu abangu 1 000 ngoMashi 2018.

Ukukhulisa nokubuyekezwa kwePHC ngenhloso yokuqlisa uhlelo Iwe Ideal Clinic and Maintenance (Operation Phakisa)

- Ukukhulisa iphesenti lemitholampilo eyakhiwe (fixed PHC facilities) lawo enza ngaphezulu kwamaphesenti angu 80 abeku 60 ngoMashi 2018.

- Ukusungula amathimba angochwepheshe kwezempiro kwisifunda (anolwazi olujulile kwezobuhlengikazi kanye nobudokotela) ngoMashi 2018.

Qinisa uphinde udlondlobalise ukusebenza ngendlela efanele kwezibhedlela ikakhulukazi kugxilwe ekuqaliseni kwe-Hospital Rationalisation Plan esiphasisiwe eminyakeni emihlanu kuya kwelishumi ezayo.

- Ukuhlelwa kwezibhedlela ngokwemisebenzi ezigxile kuyona kanye nokuqondiswa kwezikhala zemisebenzi efanayo, ukubhekelelwa kokungaziphathi kahle kwemitholampilo, izinkinga zezibhedlela, ezosizo oluphuthumayo kwizibhedlela ezikhethiwe, ukusatshalaliswa kwezinhlelo eziphethe imininingwane ngabagulayo kuqiniswe nezokuphathwa kwemitholampilo.
- Ngonyaka ka 2015/16 kuzogxilwa ohlelweni Iwe-Oncology, Nephrology, Orthopaedics ne-Neurosurgery.

Ukukhuphulwa kwezinga lokunakekela ngokugxila ekuqalisweni kanye nokuhlolwa njalo ngonyaka kwe-National Core Standards, ukuthuthukiswa kanye nokusetshenziswa kwezinhlelo ze-Quality Improvement Plans ukuvala izikhala ezikhona.

- Ukukhulisa inani lezibhedlela ezilandela yonke imigomo yokusebenza kanye nemigomo enqala yezinhlelo ezibalulekile liye kumaphesenti angu 60 (noma ngaphezulu) ngoMashi 2020.
- Ukugcina izinga lokuneliseka kweziguli liku 95% noma ngaphezulu kuzo zonke izikhungo zezempiro ngoMashi 2020.

Ezukuthutha

UMnyango wezokuThutha uzothola u 9.2% wesabelo-mali sesifundazwe. Imali yakhona ingu R9.341 billion, no R9.736 billion no R10.275 billion eminyakeni emithathu. Isabelomali sezo wokuThutha sizokwakha imigwaqo nokuyigcina isesimweni. Ngo 2015/16, umnyango uzoqhubeka nemisebenzi yokwakha nokugcina imigwaqo isesimweni okuhlanganisa umgwaqo omkhulu u P234 KwaNongoma, umgwaqo omkhulu u P104 eNdwedwe, umgwaqo omkhulu u P1-1(M13) phakathi kwe-Hillcrest ne-Pinetown, umgwaqo omkhulu u P496 John Ross Highway, eMpangeni ne-Richards Bay, umgwaqo omkhulu u P230 phakathi kweShowe neMpangeni, nomgwaqo omkhulu u P68 phakathi kwe-St Faiths ne-Port Shepstone. Ngaphezu kwalokho, umnyango uzoqhubeka nokuhlinzeka ngohlelo lokuthuthwa kwabafundi nokuxhasa amabhasi esifundazweni. UMnyango uzoqhubeka nemikhankaso yokuqinisa ukugcinwa komthetho ngohlelo luka-Operation Valingozi ngenhloso yokukhuthaza ukuphepha emgwaqeni.

EzokuHlaliswa kwaBantu

UMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu uzothola u R3.585 billion, R3.776 billion no R4.011 billion kule minyaka emithathu. Inhloso enkulu ngesabelo salo mnyango *Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNgqongqoshe weZimali uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.*

ngukuhlinzeka ngezindlu emiphakathini ehlukene, kuhlanganisa izindawo zasemakhaya nemijondolo, lapho imali eningi iqhamuka ngohlelo Iwesibonelelo esinemibandela seHuman Settlements Development. Ngo 2015/16, umnyango uzoqhubeka nokuhlinzeka ngezindlu, okuhlanganisa lokhu okulandelayo:

Uhlelo Iwezindlu eziqashisayo

- Ukuhlinzeka ngezindlu eziqashisayo ezingu 290 ngo 2015/16.
- Ukwakha izindlu ezingu 273 nokulungisa kabusha ezingu 650 emahostela akhona njengamanje.
- Ukuqoka ithimba elididiyele elizobheka isimo sezindlu ehostela ku-East Street.
- Ukubheka ukungenelela kukaMqondisi-jikelele kaZwelonke ukuze kuphuthunyiswe ukugunyazwa kokuhlela kabusha kwezindawo komasipala abayisithupha.

Ukulungisa izindlu zangaphambili kuka 1994 – Lolu hlelo luhlose ukuthi kulungiswe izindlu ezakhiwa ngaphambili kuka 1994. Imali yalo msebenzi engu R3.500 billion kule minyaka yokulungisa izindlu ezingu 42 797 isigunyaziwe wumnyango. Imisebenzi ehlukene eThekwini, eNewcastle naseMdoni iyaqhubeka njengamanje.

Ukuthuthukiswa kwemijondolo

Uhlelo lokuqedo imijondolo lulokhu luseqhulwini esifundazweni. Njengamanje, izinhlelo ezingu 116 ziqaqhubeka ngezigaba ezahlukene zokulethwa kwezindlu. Kulindeleke ukuthi lezi zinhlelo zilethe ubungcono nezindlu zokuhlala ngokugcweli emindenini engu 134 601 ehlala emijondolo KZN.

Umnyango uzoqhubeka nohlelo Iwase-Cornubia njengohlelo olubhekwe kuzwelonke ngo 2015/16, okulindeleke ukuba lube negalelo ekufezeni imigomo ye-Outcome 8 nokuqinisekisa ukuthi kunozinzo ekuhlaleni kwabantu.

Ezikuthuthukiswa koMnotho, ukuVakasha nezeMvelo

UMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ukuVakasha nezeMvelo uzothola u R2.973 billion, R3.080 billion no R3.220 billion kule minyaka emithathu.

Umthamo webhajethi yalo mnyango uhambisana nezimali ozedlulisela kwizinhlaka ezifana neDube TradePort Corporation, Ezemvelo KZN Wildlife, Ithala, KZN Tourism Authority, Trade and investment KwaZulu-Natal, Richards Bay IDZ neKZN Liquor Authority. Ngesabelo sika 2015/16, umnyango uzoqhubeka nokwesekela osomabhzini abancane nemiphilandawonye, ukusungulwa kwe-Small Business Development Agency, nokwenza izinhlelo ezihlanganisa i-Industrial Economic Hubs, Aerotropolis, KZN Consumer Protection Act, Invasive Alien Species Programme, kanye nokuhlela kabusha iMaritime Cluster, nokuphothula uhlelo Iwe-EIA olwensiwa kwi-Drakensberg Cable Car Project. Umnyango uzoqhubeka nokusingatha imicimbi

ehlukene njengoMyezane Awards, Metro FM Awards, uMthayi Marula Festival, phakathi kweminye.

Ezokuthuthukiswa koMphakathi

UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi uzothola u R2.630 billion, R2.768 billion no R2.906 billion kule minyaka emithathu. Inhoso enkulu ngalesi sabelo ngukuhlinzeka ngabasebenzi bezenhlalakahle nokulekelela abantu abadala, abanokukhubazeka abahaqekile nabathintekile nge-HIV ne-AIDS nokuhlinzeka ngosizo lokweluleka kulabo abanengcindezi kumuntu ngamunye nasemindenini.

Lesi sabelomali siphinde sihlinzeke sibuye sense ngcono izinga lemisebenzi yama-NGO nokulekelela ngemisebenzi yokusiza emakhaya (Home Community Based Care). Lo mnyango ulekelela ngezimali ama-NGO asebenza imisebenzi yezenhlalakahle kanti usukwazile ukwenyusa izimali ngo 6% ezinhlanganweni zezenhlalakahle ezizimele. Okubekwe phambili kwingqalasizinda kuzokuba ngukwakha amahhovisi, izikhungo zomphakathi, kuLanganisa amahhovisi eNanda, Osizweni kanye neNkululeko Regeneration Elderly Day Care Centre. Izakhiwo ezahlukene nazo zizovuselelwa kabusha kule minyaka emithathu.

Ezolimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya

UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya uzothola u-R2.203 billion, R2.291 billion no-R2.409 billion kule minyaka emithathu. Ngonyaka ka-2015/16, umnyango uzokwenza izinguquko ezinqala ezinhlelwani ozixhasayo nangendlela owenza ngayo umsebenzi wawo. Lolu guquko luhambisana nemigomo ye-NDP kanye ne-Agricultural Policy Action Plan (APAP) kazwelonke. Lokhu yikona okuholele ekutheni uhulumeni abheke amasu athile abalulekile, okuyilawa:

- Ukubeka eqhulwini ukwenziwa kwemisebenzi ngezandla – njengokukhiqiza izitshalo.
- UkuKhuthaza ukusetshenziswa kangcono komhlaba ongasebenzi emiphakathini ukuze kukhiqizwe izinto ezinjengomumbila, isoya, ubhontshisi nokunye.
- Ukuqinisa ukusebenzisa ezolimo ngokocwaningo nokuhambisana nezimo zeZulu njengokuchelela ngobuchwepheshe nokutshala ngaphandle kokulima.
- UkuFaka umfutho ekuvuseni amapulazi angasasetshenziswa ayebuyiselwe kubantu.

Ezemisebenzi yoMphakathi

UMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi uzothola u R1.390 billion, R1.450 billion no R1.526 billion kule minyaka emithathu. Umthamo wesabelomali salomnyango ukhokhela intela yezakhiwo nokuqhuba uhlelo Iwe-Government Immovable Asset Management Act (GIAMA). Umnyango uphinda uhlizzeke ngemisebenzi yengqalasizinda ehlukene njengomsebenzi wokwakha eNhloko Hhovisi, i-Richmond

Community Development ne-National Youth Service kanye nokubhekela uhlelo Iwe-EPWP, bese kuba ukuphucula ingqalasizinda yeminyango.

Ezokubusa ngokuBambisana nezoMdabu

UMnyango wezokuBusa ngokuBambisa nezoMdabu uzothola u R1.368 billion, R1.437 billion no R1.509 billion kule minyaka emithathu. Ngesabelomali sika 2015/16, umnyango uzoqhubeka nokweseka omasipala ngezinhlelo zokubacija (njengokuqequesha amakhansela, u-Operation Clean Audit, i-Human Resource Management and Development, nokunye) ukuze omasipala bakwazi ukwenza imisebenzi ngaphansi kwezinhlelo ze-Massification, Corridor Development, Disaster Management ne-Small Town Rehabilitation. Lezi yizinhlelo ezisemqoka umnyango osiza ngazo omasipala, nangoqequesho ukuze omasipala bekwazi ukubhekana nezinhlelo ezahlukahlukene, okukhona nokuhlelwa kahle kwamadolobha, ukwensiwa abe mahle, ukufakwa kukagesi nokufakwa kwamanzi nokuthuthwa kwendle, phakathi kokunye) ekulekeleleni kukulethwa kwemisebenzi emphakathini. Umnyango uzoqhubeka nokwakha uphinde uvuselele izindlu ezahlukene zamaKhosi nezakhiwo zemikhandlu yamakhosi (Traditional Administrative Centres).

Ezobuciko namaSiko

UMnyango wezobuCiko namaSiko uzothola uR783.914 million, R819.399 million no R894.444 million kule minyaka emithathu. Umthamo wesabelomali salomnyango uya ohlelweni lokufaka ngaphansi kwesifundazwe imitapo yolwazi kanye nokwakhiwa komtapo wolwazi eThekwini. Ngaphezulu kwalokho, umnyango uzoqhubeka nokwakha imitapo yolwazi nokuhlinzeka ngezinsiza zakhona. Mayelana nobuciko namasiko, umnyango uzoqhubeka nokusingatha imicimbi emikhulu okuhlanganisa Umkhosi Womhlanga, Usuku Lwenkululeko, i-Africa Day, Usuku Lwentsha, Umgubho kaShaka, noMkhosi Wokweshwama.

Ihhovisi likaNdunankulu

Ihhovisi likaNdunankulu lizothola u R743.214 million, R746.934 million no R784.281 million kule minyaka emithathu. Umsebenzi osemqoka walo mnyango ngukuhlela inqubomgomu yesifundazwe, ukunika uholo Iwesifundazwe nokugqugquzelu ukusebenzisana kweminyango, ukukhuthaza ukuphatha ngendlela, ukunikeza ngosizo ezintweni ezithinta abasebenzi, ezokuxhumana, ubuchwepheshe, ukweluleka ngezomthetho nokuqinisekisa amalungelo esintu nawobulili esifundazweni sonke.

Umthamo omkhulu wesabelomali salo mnyango uya ezinhlelweni ezahlukene okuhlanganisa u-Operation *Sukuma Sakhe*, Luwamba Wellness Centre, Integrity Management, Provincial Public Service Training Academy, Nerve Centre, ukweseka iSilo samaBandla, kanye nokushintshela ezinhlakeni ezimbili, okungaMafa neRoyal Household Trust. Isabelo somnyango seminyaka emithathu sihlanganisa nemali yokuthuthukisa uphiko Iwe-Integrity Management.

Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNgqongqoshe weZimali uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.

UmGcinimafa wesiFundazwe

UmGcinimafa wesiFundazwe uzothola u R712.151 million, R707.768 million no R708.506 million kule minyaka emithathu. Umthamo wesabelomali salomnyango uya ekubhekeleni ukuphathwa kwezimali (ukubheka ukusetshenziswa kwezimali kuyo yonke iminyango, omasipala nezinkampani zikahulumeni), ukwenza ucwaningo lwezimali ngaphakathi, ukuthengwa kwezimpahla. Ngaphezulu kwalokho, umnyango uyaqhubeka nokwenza izinhlelo eziningi njenge-Infrastructure Delivery Improvement Programme (IDIP) Transaction Advisors, Operation Pay-on-Time, Operation Clean Audit, ne-Municipal Support Progamme, phakathi kokunye.

IsiShayamthetho

Isishayamthetho sesifundazwe sizothola u R465.494 million, R480.352 million no R504.370 million kule minyaka emithathu. Umthamo omkhulu wemali yesiShayamthetho uya emisebenzini yokushaya imithetho nokubhekela ukusebenza kukahulumeni kanye nokuya emiphakathini. IsiShayamthetho sizokwenza ngcono imisebenzi yokubhekela ukusebenza kukahulumeni, phakathi kokunye, okuyiminyango nezinkampani zikahulumeni kulo nyaka. Okunye futhi, isiShayamthetho sizosebenzisa unyaka ka 2015/16 ukubuyekeza uhlelo Iwemicimbi ebandakanya imiphakathi ngokuhambisana nohlelo lokunciphisa izindleko, ngesikhathi esifanayo sibe sigxile ekuholeni ukuthi izindlela ezikhona njengamanje zokubandakanya imiphakathi zisasebenza ngendlela yini. Ngaphezulu kwalokho, isiShayamthetho sizogxila kulezo zinto ezidinga ukubuyekezwu noma ukuguqulwa ukuze kuqhutshwe uhlelo olusha lokusebenza kwezimali ezishaymthetho zezifundazwe.

Ezemidlalo nokuNgcebeleka

Umnyango wezemiDlalo nokuNgcebeleka uzothola u R454.389 million, R440.571 million no R463.512 million kule minyaka emithathu. Uhlelo Iwezemidlalo ezikoleni luzoqhubeka ngonyaka ka 2015/16. Umnyango uzokwakha izindawo zokujima zangaphandle ezingu 11 emawadini abekwe phambili. Ukugqugquzelu izinguquku ekuthuthukisweni kwamathalente, umnyango ususebenza ngokubambisana ne- Prime Human Institute. Umnyango ubhekene nokwakha izikhungo zemidlalo nokungcebeleka ezingu 9, izinkundla ezingu 11, nezinkundla ezixuba imidlalo enhlobonhlobo ezingu 37.

Ezokuphepha nokuXhumanisa uMphakathi

UMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uzothola u R187.069 million, R198.470 million no R200.285 million kule minyaka emithathu. Umthamo omkhulu wemali lapha ngowezinhlelo zokuphepha komphakathi, kuhlanganisa i-Volunteer Social Crime Prevention Programme, ama-Community Safety Forums nama-Community Policing Forums, imikhankaso yokuqwahisa ngobugebengu (ukusizwa kwezisulu zobugebengu, ukulwa nezidakamizwa, nokunye), ukubheka ukusebenza kweziteshi zamaphoyisa, uhlelo Iwe-Justice Crime *Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNgqongqoshe weZimali uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.*

Prevention Strategy, ukwebiwa kwemfuyo, ubugebengu obenzeka emingceleni, nodlame lwamatekisi, phakathi kokunye.

ISIPHETHO

Kulesi sifundazwe, sesenze kahle kakhulu uma kuza ekuphatheni izimali zethu. Kule minyaka emine edlule, sikwazile ukuba ngaphansi kwephesenti elilodwa ezintweni eziphuma eceleni kwalokho okubekelwe isabelomali. Lokhu kungumsebenzi omuhle kakhulu!

Uhlelo lokunciphisa izindleko lusibeke endaweni enhle futhi Iwasenza sakwazi ukugxila emisebenzini ebhekene nokulethwa kwezidingo. Umgondo-simo esifundazweni sethu usushintshile kule minyaka kusukela kwaba ne-Provincial Recovery Plan eyaqala ngo-2009/10, kanti ukugcina imigomo yokwehlisa izindleko eminyangweni yonke yesifundazwe sekubonakala kuyisiko lethu ezinhlelwani zethu zokuthenga.

Yilolu hlobo lokuziphatha oselusize kakhulu ukuba sibhekane nokunciphisa izindleko ngaphandle kokuphazamisa kangako ukulethwa kwezidingo.

Nakuba sesikushilo lokho, ngikholwa ukuthi kusekuningi esingakwenza ukuqinisekisa ukuthi izinhlelo ezibalulekile ezibekwe phambili ziyayithola imali.

Kulokhu, ozakwethu kwiKhabhinethi sebevumelene ukuthi sekuyisikhathi manje sokuthi kesibuyekeze kakhudlwana izindlela zokusebenzisa imali. Ngokohlelo lokunciphisa izindleko, yonke iminyango inikwa umyalelo wokuba ibuyekeze izinhlelo zayo zemisebenzi ngenhoso yokumisa lezo ezibonakala zingabalulekile kakhulu esifundazweni. Lezi zimali zizobe sezibuyiswa ukuze zingene kwi-Contingency Reserve noma zabiwe kabusha kweminye iminyango enezinhlelo zemisebenzi ebalulekile.

Lokhu yikhona esizogxila kukho kule minyaka embalwa ezayo lapho ezinye izinguuko mayelana nalokhu zizokwenziwa makhathalen i kulo nyaka uma sekwenziwa isabelo esibuyekeziwe (ama-Adjustments Estimate).

Lolu hlobo lokubuyekeza ukusebenza kwezimali alukwazi ukwenziwa kahle ngaphandle kokucabangisia ngemiphumela yezinqumo ezithathwayo, kanti njengoba ukuqinisa kwezinhlelo zokunciphisa izindleko kwethulwa ezifundazweni ngo Disemba 2014, akubanga nesikhathi esanele sokubhekisa lokhu kulesi sabelomali sika 2015/16. Ngiyanithembisa ukuthi lokhu kuzobhekwa ngeso elibanzi uMngcinimafa wesifundazwe kulezi zinyanga ezimbalwa ezizayo.

Ukukwazi kwethu ukubhekana nohlelo lokunciphisa izindleko ngaphandle kokuphuma endleleni kungenxa yokuthi siyaqhube ka nokubeka enqolobaneni imali yokugada izimo ezingalindelekile, siyaqhube ka nemigomo yethu yokonga, kanti futhi siyaqhube ka nokuthatha izinqumo ezinzima ngezikhathi ezinzima. Ukuhlala kwethu

Isabelomali sonyakamali ka 2015/16 sethulwa esiShayamthetho sesiFundazwe nguNgqongqoshe weZimali uBelinda Scott ngezi 10 Mashi 2015.

emgomweni wokuthi iminyango isebezisa eyabelwe kona kube nesandla kule mpumelelo. Kulokhu, ngifisa ukubonga uNdunankulu wethu uMnuz Senzo Mchunu, nozakwethu besiGungu esiKhulu ngokungeseka nokuqonda kahle kwabo izinto. Ziningi izinqumo ezinzima okudingeke sizithathe uma silungiselela isabelo-mali seminyaka emithathu kusuka ngo-2015/16, kanti konke sikwenze ngokubambisana.

Siqhubekile saqinisekisa ukuthi isabelomali sesifundazwe sihambisana nezimiso ze-National Development Plan, kanye ne-Provincial Growth and Development Plan and Strategy, ngakho-ke siqinisekisa ukuthi sifaka imali ezinhlelweni ezibekwe phambili kuzwelonke nasesifundazweni.

Ngifisa ukudlulisa ukubonga kwami kuNgqongqoshe wezeziMali uMnuz Nhlanhla Nene nabasebenzi boMnyango kaMgcinimafa kuzwelonke ngokusilekelela ezikhathini ezinzima.

Amalungu e-Ministers' Committee on the Budget (MinComBud) sisebenze kahle nawo ukulungisela lesi sabelo-mali. Sibe nezikhathi zokuxoxisana okunzulu ngezinto eziningi, okuyinto esize kakhulu ukwenza lesi sabelo-mali engisethula namhlanje

Ngifisa nokubonga amalungu esiShayamthetho sesifundazwe, ikakhulukazi uSihlalo weKomiti, uMnuz S.C. Nkosi namalungu eKomiti leziMali ngokungeseka.

Ngibonga iziNhloko zeminyango, ama-Chief Financial Officer nabo bonke abasebenzi bakahulumeni ngeqhaza abalibamble ukuqinisekisa ukuthi sikusebenzisa kahle esabelwe kona.

Kubasebenzi behhovisi lami loMgcinimafa, nihamba phambili:

Ngiyabonga Nhloko yoMnyango Magagula nabanye abasebenzi abanangi abazinikele besebenza amahora amanangi ngaphansi kwengcindezi ukuze bakhiphe umqingo wesabelo-mali osezingeni eliphezulu. Ngiyaziqhenya ngani!

Ngiyabonga